

(57) 1 B

Miscellaneous memo about K 13 / 21  
Mphepetho tribe, Vocabulary, homicide chief izibongo.  
35 p 36

Mhlasane uMhlasela Vilakazi ekhu dula lapi ya Sobonjeni:-

- 1           Muphume uMhlasela wamemeza anaVilakazi ngezindlela zonke ababaleka nawo babeka esilungwini. Ngalenkathi uMhlasela wayenodumo. Nenkosi yakwaNdlela yayimesabi impela ngoba uMhlasela wafa ngawo lowo mkhonto wakhe satshwa kwa Ndlela. Kwakuse Hlobo. Lonkhosi uwenze asese Nkunzi angakathengi indawo kuleli lase Dundee. Umkhosi wenzelwa entabeni ikhuphe phezulu kuyona. Kwabuyiswa izinkomo kuwona wonke amadoda ayengaphansi kwakhe uMhlasela.
- 2           Lezinkomo kuthiwa kwaba umhlambi nabantu kwaba umhlambi Amazwi ka Mahlaselayiwonalana awakhuluma musukwana sebephelele bonke abama Mphepetho. Lesisikhumbuzo emsibona namhlanjena sisikhumbula, sikhumbula ababa nokhokho abaphela lena empini yaso Bonjeni. Sikhumbula nokucitheka komubuso wakhithi na Vilakazi ka baba uMphepetho. Okhokho bafa belwela izwe lakithi nekosi ya khithi. Nawo amazulu ayelwela izwe lakubo. Kwakungekho ukuthini ngoba inkosazane ka Mphepetho nayo yayi ngafuni ukuba kwa zulu
- 3           **nebala** ayiyanga kwazulu. Kuthengamva kwa loku wasecazela abantu ukulwa kwempi. Zahlatshwa izinkomo kwakungama butho adwa lapho kuleyo ndawo. Kuthena ukuba abamhlophe bezwe ukuthi uMhlasela wenzanjalo baakhuza ukuthi ususa uthuli. Nebala uMhlasela walalela. Ngamabutho ayese watholile kwakungaba enkulu impi. Njengoba uyise waye yinduna yakwa Ndlela naye waba iyona induna. Ukafunanga ukuzimela enze impi. Kuso bala ukuthi wesaba abelungu ngabe walwa nekosi yakwa Ndlela. Kungako namhlanjena udumo lwakhe alupheli kubantu nasenkanto emambithi wayaziwa. Nyena
- 4           o athengela abakwa Ndlela izwe leli elise sididini eLannhauser wathi ngokuhlangana nabamhlophe wase uyathanda ukuzwana nabo kakhulu. Omunye omhlophe oyezwana naye u Langley. Namhlanjena indodana yakhe isikhona. Kwathi ukuba afike uLangley wamenzela okuhle uMhlasela wamlimela amasimu wamunika nezinkabi zokulima. uLangley yena wamubonga ngenkunzi yenkomo ehle ebomvu. Kuthena uma eseqedile ukuthenga izindawo wase wakha izikole kulezizindawo eSididini, nase Sitoloni nase Mphepheni. Kuthe kunjalo wabavulela nesonto namhlanjena isonto lase Shehi lisamile nonzalo yakhe ikholwe khona uMhlasela. Nesililo senziwa khona lapho musukwana kukhunyulwa impi yaso bonjeni.

Impi yaso Bonjeni yama Vilakazi nama Zulu.

- 5 Kulempi kunsukwana ama Vilakazi ephelayo ehlahazeka nezi nkalo zezwe lonke. Lesi isililo sempa yaso Bonjeni.
- (1) Suka sihambe siye Bonjeni lapho kwafela izinsizwa zokhokho. Suka sihambe siye o Bonjeni lapho kwafela izinsizwa zokhokho.
- (2) Bonjeni unezindaba uba amaduli namahlathi kanye namathafa aya-khuluma ngabe isililo asipheli.
- (3) Ngalowo nyaka wezidumbu wesidumo esikhulu. Uzulu nama Mphephetha ka Vilakazi bebekene ngezikhali. Kwaku mnyama liballele Laphuma ilanga njengemihla indoda yayilele abo.hi, kubila amathumbi ezinsizwa.
- 6 (4) Yezwakala inyonyana yokusa ithi ndo----ndo----ndo----ndo----ndo. Yasho kwabila ezibilini zama madoda nezinsizwa. Abantwana babantu beyakufa, kazi baloywe yini.
- Lase liphuma lelozwi lingaqali. Kuma Zibuzi oanyama, ongabubende bengonyama uHlamvana lubula umlilo ubazwe Mziqomela ka Binda ka Nsele Gama. Wayesishilo ukuthi uyokulwa langa linye. Ngoba amabutho akhe kuyizinyamazane ezingena phika ukudinwa zingasuka.
- (5) Lathi lifudunala. Kwase kunyakaza inwani, lezwakala lelozwi.
- Kungathi kunemeza uhlanga emaweni aso Bonjeni. Kashongo njalo aka Binda u umntwana. Uyakubuyelaphi na mhlezane wehlulwa.
- Kwasuka isidumo usikisiki emabuthweni. Aqabatheka eqande ekufeni, Wo! He! yeka obonjeni madoda.
- (6) Yasho insizwa kasi Ziba kwa zamazama izigodi nezigojana, imemeza woma amakhosi ozalo ama Vilakazi Mphephetha no Binda.
- Kwandiza izinyembezi emehlweni endoda kwakubi ngamehlo. Zaphuma zalandlelanana izinyembezi zokufa.
- Akwabe zibangiwe izinsizwa za omama, no baba, zawa zalandelana zelekanyana, uNongwaja owavuka lapho waze wa fa ebaleka. Yeka kwaleso bonjeni lapho kwalala amaqhawe ozibandlela.
- 8 (7) Uthuli lwacisha ilanga. Liloku lizwakela lelozwe. Kashongo njalo aka Binda uthena eyiphaka eNgwedo ne ngwavuma wathi amagaqa ka Mphephetha avuthu mlilo umlilo womlalane.
- Owashisa izikhova nezifunda phansi obonjeni.

Ashisa amadoda nezithunisa alala adumiselela imikhonto.

(8) Lapho izingalo zamadoda za vuvuka izinyawo zehluleka. Lapho umlomo wawungase kho kanti ukuquna kuzwakala. Umkhonto wagobisa okotshani, wenziwa izingazi zamadoda. Izikhali nezihlangu kwaku ngasaziwa mntu. Kwasekumuka izingazi zama jaha izinsiwa zawo baba, zalala zelakanyana izinsizwa kwazwakala uyadela wena usulapho.

Zisho zihlabana

Zihlabana bukhome

Zihlabana ziyathokoza

Zivumile izinsizwa zawo baba sengathi aziwa kufa kanti ku lapho zizokufa.

Zalala azendlalelwa azembelwa.

Wo! He! Uyazi, yini kwelaso bonjeni na?

(9) Yayiloku ishilo leyo nyonyana yokusa kufa.

Ithi:- ndo--ndo--ndo--ndo--ndo--ndo-o.

Iyayi hhehhele, hhi! yoze iyikhothe.

Kwakungathi liyoshona njalo. Lapho kudabuka zihlangu zamadoda Kunqamuka imigobo. Kudabuka amabeshu nezinene, igazi lamadoda laphophoza lagwala ithafa, nemifudlana.

10. Uyadela wena mfazi ungaza langa.

Wena ungawuzwanga lowo muhlelo wezinkembe unquma esiswini.

Mhlakwa lelo suku izinsizwa zifika kulomhlaba.

Nkosikazi vuka wesule izinye mbezi awusoze wanceda ngalutho.

Zilele izinsizwa phezulu o bonjeni azinakuphinde zisavuka futhi noma ungakhala uthini?

(11) Isililo sangquzuka izwelonke

Saze seziviwa uthani nemifula.

Semiwa uSuthu neNgwemphisi

Seziwa uPhongolo nemzinyathi

Sezwa kala kwa Sotshangane kukhala omame.

11 Uma enasala o bonjeni

Phakamisani amehlo enu

Phezukwethu thina esisikhona

Sebeke kinina o bonjeni

Lapho kwafelakhona amaghave

ababa akhokho

Zazingahlanyi ezobaba lase liphumile seilelozwi

Ho! He! yeka obonjeni kwelakithi  
 nkosikazi yama Phephetho vuka uzibonele uzibophe ukhalo  
 Wesule izinyembezi zakho nga bantwana bakho  
 Nodakazi yama Phephetho vuka izibonele.  
 Madoda nani madodana vuka ni nizibonele, nithathe ezenunihlome  
 Usamemeza oka Binda inkomo ekhala emaweni kwaswakala  
 Undlela zisinda ungwane ephelele kanye no Zulu

12 Uyamemeza engabonwa uthi amabutho awahlome  
 Ahlome izikhali zawo yise no khokho Wo! He! Lafa elama Phephetho  
 akwaba ndaba zotho

(12) Izwe lakithi alisoze libuye ladliwa izitha.

Izwe lakithi alisoze labuya na?

Lahamba ngezikhali,

kwachitheka igazi

Igazi lamadoda nezinsizwa

kulowo mfudlana

(13) Ngaphansi kwentatshana

Umfudlana ingwawuma

Intatshane umpephe

Ngibengiyayi beka amehlo a gwala izinyembezi

Ulimi lwami lwagwala umlomo

Umangithi ngiyawuvula,

Ukuphumisela lelo gama

Kazi lithini lishoni umfula wegazi.

15 (14) Kwakunge gazi

Lezimvu nezimbuzi kumbe lezinyamazane,

kwakuligazi lamadoda nezinsizwa kuphela

Kwakuligazi lamagwala na maqhawe

Ikhethelo lempi yama Phephetho

Ithemba lenkosi umphephetho

(15) Izinhliziyo zamadoda zithi

Nco -- ndo-- ndo-- ndo -- ndo

Wena ntaba nawe zigodi ezashwaba dela omama nobaba

Yeka imi~~mfudlana~~ imincan e aminzisa obaba ngezindaba ezingaziwayo

(15) Bombo uluthango

Unjenge ntaba, enomona ngoku ngesuthi izindumbu zamadoda

Amahlathi asobonkeni awasabukeki ngokuwa kwezihlahla ezazithela

zinomuthuni emihle.

Namhlanjena Inithi iyasha ngokwezivela umthunzi. <sup>13/21</sup>

14

(17) Nawe ngwedu ne ngwavuma

Umnanyane njena kodwa unodumo ngokulalisa izidumbu zamaqhawe  
wazendlalela ngotshani obuluhlaza. Ingobo engagugi ngoku buye  
ihlume.

Kwabamnyama kungahlwile,

Mhla kwalelo langa

Imikhonto ibengezela izwe lonke

Amahawu agwele iziganga zonke

(18) Ma Binda nina abase ngwedo ne ngwavuma. Abadla ukudadewabo  
bathi kanamhlelo kanasipakazi. Nscele enoboya, malinga khulu  
woGama

Kwakunjalo ngalezo nsuku nehla anadulana, namagquma, nemifudlana

Kwaduma indudumela

Abantwana babantu beqonde ekufeni

Kwakhala inkunzi yomhlanga libalele.

15

Licithule nabekhwani lezinja zazivumule sengathi ziyodlala  
umkhosi,

Zabahlangabeza abafu

(19) Umona uyena umhlophekazi ilanda lama Phephetho  
uNanda invali emhlophe ya lilisa izizwa waze walila no  
Xulu inkomo emhlophe kwezinyama yakhanya yabonakala  
Ikhanye kwafuneka uyise wayo oyizalayo

(20) Uvele kwaqhakaza izinkanyezi emini

Amehlo amadoda izizwe zonke ehlela kuwe njengezinhlamvu

Izinsizwa zenkosi uphephetha, zahlabana kwamnyama phansi zacwila  
emfuleni njengesikhonyane.

Efuleni wezingazi zamadoda

Zazingahlanyi ezenkosi

16

Zazivikela zwe lenkosi nobuhle bala,

Kwazekwasekugcineni,

umfula wabeja igazi lamadoda

(21) Hhala-Hhala mabandla ka Binda ebubezinde besebeka,

Loze libuyenina na?

Kwakuumbela isikhonyane

Iyakukhuphuka inkasa Na?

Mhla laphendula ishisandlu.

(22) Macwila kwaphambana izihlangu nezikhonto,

Imilenze wamadoda yemuka,

Imilenze yabekaphezulu

Kwabanjalo nekwa Zulu.

Zacwila nezikhali

Zahluleka ukubanganda

Akwa zulu,

Izihosheni zasobonjeni

(23) Ningayixoxi kuMathonga

Ningayixoxi kwa ngwane

Ningayixoxi ku be Suthu

Ningayixoxi ku MaShangane

Ningayixoxi kuba fokazana

17

Hleze izintonbi zakhona

ziggashule ngokuwa kwamabutho

Amabutho inkosi uPhephetho

Ningesabi ukubatshela ukuthi amagaga akwa ~~Vilakazi~~ Vilakazi

Avutha umlilo ubaswe uzulu

bawa kanjani abakwa Mphephetha

Babegijima njengezimpangele

(24) Kuthi angikhale ngezwi eliba ndayo

Ngikhalele izwe lakithi kwa Mphephetha ana Vilakazi

Khala ngomlomo ungasoze usize lutho

Wakhala nkonyane yeSwazi,

Ungasekubuyela ndawo,

Ngekhale ngenyisa inoonezulu,

Nganqndwa amabungane.

Ehlabe udwedwe,

Ehlaba umkhulungwane

Aze oyongena eMgedeni obonjeni

Edumisa ukunqoba kwawo,

Azidla izinkomo eMgedeni,

18

Adum sa ukunqoba kwalolosuku, ahambe equba izinkomo,

Aze ayoshona angabe ngisa wabona awakwa zulu

(25) Ngaphinda ngakhala ngewusa umfula,

Ngawewusa nganqamula kwa Nodwengu

Akwakhala nomo eMgedeni

Emkhonjane akwakhala nkomo

Engwado akwakhala nkomo

Emthunzini akwakhala nkomo.

Ezintabeni nase Mahlthini a kwakhala nkomo.

Bangibuza omans bathi ziphi izinkomo?

Bamangala una ngibazekela indaba.

Izulukazi namakhetlha ayikhexa imloso.

Izibaya zamadoda zamila imbuya.

Izingane zagolela izimpukane emlonyeni,

19 Indoda yashaya uya ngekhande

Amasimu awalingywa,

Kwamila isigwacane,

(26) Hlala-hhala mabandla enkosi umphephetho,

Iyakukhuphuka inkasana?

Binisela inhlalanga ingene.

Nanso inkwenkwezi yokusa,

Indoda ibolala iphaphama

Sekuqala ukubeja ezansi

Loze libuye ma Phephetho sidle ngodala,

Sidle ndawonye phansi komuthunzi wophumulo

Namhla sigowele izinkalo,

Emazweni ngamazwe,

Kodwa izizwe zonke ziyase saba

Unkhonto obukhali ka Mphephetha, Udla amadoda aminza uyisabeka  
nanamhlanjena.

Ugweje obomvu onjenge ntolwane.

20

Ukuhamba kuka Hloa ndlini.

Namhlanjena lizizwe sifumaniswa ngabanye ngabanye kwezinye  
izizwe. Kwathi h kuba silwe no Zulu sapheliswa amandla sazinikela  
kwamanye amakhoosi. Kodwa kwala khona kunjalo sehli kile kunezinye  
izizwe ngobuntu baso. Isizwe esithanda ukuzi beka phezulu  
kwezinye izizwe. Kwathi abanye baso ngokwehlulwa kwabo uzulu.  
Balishiya izwelakubo bafuna amandla nobukhulu ngozindlela eziningi.  
Njengo Naele njena, nomahlasela indodana ka Zikheli eyayiyijaji  
lamacala kwa Ndlela. Yena uMahlasela owaqala ukuthenga amazwe  
kwaba kwa Ndlela. Wayena dumo ngamusebenzi wakhe wenza kwabakwa  
Ndlela. Kwathi kunadodana akhe wafuzwa u Hlomendlini wakabo  
Bakameva.

2021

uHlomendlini waphindela abonjeni lapho abakubo bavcla ngakhona. Uyena indodana ka Mahlasela eyamufuza. Inemisebenzi emihle lena obonjeni inodumo nje ngoyise nasekuthetheni amacala. Amadoda asobonjeni ayayazisa. Kuthena ukuba amaVilakazi asabalale nezwe lonke kodwa isililo asikhela njalo lapho ehlangana kh na. Oyena owazikahle lesisililo uHlomendlini ka Mahlasela kazikali. Kuthena ukuba uyise afe wa qala ukusikhala. UMahlasela owesendlunkulu kodwa ngokufa kwezwe wenziwa induna yakwa Ndlela. Ukuba izwe kwakungelona elabelungu ngabe walwa nabakwa Ndlela.

22

uHlomendlini emuka kwela kubo likayise. Kwathi ngelinye ilanga kuhleziwe kudliwa inyama emuzini ka yise naye uHlomendkin wayekhona wamuthama, uMahlambi ukuba makamosele inyama nebala wayosa uHlomendlini kuthena kugcina wamunika ithumbu jukuba maka mosele Kuthena unase livuthi ngezandla wase uyalihlaba uMahlambi. Lase liyamushisa uHlomendlini u sebuza ukuthi ingishisa ngethumbu lishisa na? Wasethatha izinduku zakhe waphuma wemuka yedwa esewumfana kodwa eseyibungu, wawela umuzinyathi eya ekhabonina kwa Nene ku Mkhinyini.

23

Unina akabonaze aphumule ngoba wayemuthanda lomuntanakhe wase uyalandela naye. Kuthena una amufumanise wajabula. UMkhinyini usemunika inkomo ukuba asengelwe ukuze athole ukukhulu njengabanye abafana. Wahlalake uHlomendlini lapho. Kwathi langalinye izinduna zakwazulu zaxabana zodwa. Kwathi uMkhunjini zamunuka ukuthi uyathakatha. Inkosi yase iyahlolwa yileso sisho sokuthi uyathakatha uMkhunjini Phela amakhosi kuqala abakholwa nomayini una etshenwa umntu nempela yase iphaka impi uku mubulala. Kwase kuthi umfowabo u Be ane wathumela ukuyomuvusa. Ithena impi ifika yamufumanisa eseyilindele. UHlomendlini waye khona kulempi. Kodwa kwa kungeyona impi nkulu ka khulu. Kuthena uma idunelane impelena yehlulwa lena yenkosi. uHlomendlini kuthi wahlabana kwawucaca phansi yase iyemuka lena enkosi. Inkosi umpande ngokubona loku nangokuzwa ngcqhawe elisemuzini ka Mkhunjini wa thumela umuntu ukuyoxolisa ku Mkhunjini wayesefuna ukubona liliqhawe okuthiwa uPhuphu. Phela uHlomendlini wathola igama elisha kwathi wa uPhuphu. Kuthena kunjalo wase emubizela isiqhwaga sakwa zulu.

23

25

Inkosi yacamanga ukuthi uHlomendlini angemelane naso leso siqhwa kuthiwa kwaba umkhandlu omkhulu kwa zulu. Uzobukela iziqhwaga zilwa.

Kwakungathi uHlomendlini uzokwekuhlulwa ngoba wayengeyona insizwa enkulu wayemuncane elingene njena. uNdophi waye mude emkulu edla kakhulu. Inkomo waye ngacishe ukuyiqeda. Abanye bathi uHlangothi lwe nkomo waye luqeda. Inkosi yayingaxolisi ukuxoliso lapa ku Mkhunjini yayifuna ukub ulala uHlomendlini. Ayifunanga ukumubulala nga mpi yafuna ukumubulala nge g qhawe layo.

26 Kwathiwa ongezhlula omunye ngenduku uyawunikwa icibi lizinkomo Kuthiwa ngokumeyisa uNdophi eyisa uHlomendlini waya ethathele kuyena. Vafika endaweni ethandwa uHlomendlini waluhlangabe<sup>ne dinte</sup>za. Xabethana izingqungqulu ngezihlangu kwaba sengathi bazashana ngezifuba.

uHlomendlini wayegodle ihlwa lakhe engafuni ngalo ukujijimeza. Kwathi no Ndophe naye walindela kanjalo kwathi uma sebethi abahlane ngezifuba wawudedela uNdophi umkhonto kwathi ukuba awubone uHlomendlini washona phansi waphaphalaza umkhonto wase uyawudedela naye wamungena esiphangeni waye walalanaye phansi uthe ukuba avuke wamuqeda. Kuthena ukuba inkosi ibone ukuthi usefile uNdophi ayaze yathokoza yathukuthela kodwa izinkomo yamunika uHlomendlini yazi nquma ka bili kwabacasula abakwa nene loko.

27 Babona ukuthi inkosi iyalwa nabo. / Kwaba ukwemuka kwabo kuleli lase muzinyani bawelela esilungwini Yenake uHlomendlini akavumanga ukuphi dela emuva wabeke phambili. Kuthena ukuba ehlukane nomalume wakhe wase uyakhonza kwa Buthelezi. Kwathi ngoba inkosi yayithukuthele yaze yamuzwa ukuthi uHlomendlini usekhona kulo leli yabuza kwathi uMnyamane wakhwa Buthelezi oyena wayimfihlile wamutshena ukuthi inkosi ifuna ukumubulala kuhle amuke kuleli. Nebala kuhle use yemuka uHlomendlini kwa Zulu.

28 Kuthena ngokumuka wakhe uHlomendlini waye wakhonza ebathenjini kubantu baka Ngoza ka Phangashe. Nakhona lapha wabayisilomo. Kwathi ukuba inkosi yakwa zulu izwe ukuthi uHlomendlini useba Thenjini yathukuthela kukhulu yathumela ukuyomofuna yamulandula inkosi ya ba Thembu. Usethumela impi uPande. Ingani kuthena engakayithumeli impi uMpande wase uNgoza ulwa nomagaga wase Makhuzeni. Wabona ukuthi uyena uNomagaga ongamuvimbela uma esebaleka ngoba wayese zwile ukuthi inkosi iyafuna ukumubulala ngoba naku ufuye uHlomendlini ka Mahlsela. Wase uyamahlula wamubulala. Wafa kanjalo uNomagaga.

Abantu bakhe base bekhonza kuyena uNgoza. Kwathi ukuba idumelane impi yama Thembu no Zulu wasubiza uNgoza uHlomendlini wathi  
 29 akabuye yena uzoyilwa muva. Lesuka wahamba naye baye bahlala phezulu entabeni yase Qhudeni. Iyalwa impi bayayibuka njena. Kuthena behlezi kwase kuqamuka uMnyamana butho elinye lamabutho awadumelanga. Kwathi ukuba uMnyamana babonane no Hlomendlini wase uyakhuza no Hlomendlini wakhuza. Kodwa amabutho akwa Zulu awavumanga ukulalela. Yase iyadumelana. Yafayonke eyakwaZulu eyayi bekene no Hlomendlini no Ngoza. Kodwa uMnyamana bamuyeka ngoba wasindisa uHlomendlini kwa Zulu. Kuthena uma basahlezi naye uHlomendlini naye uMnyamana kwase kuqhamuka umuntu wase ba Thenjini ezobika ukuthi impi yahluliwe. Sekuthi uMnyamana usebasiza laba base ba Thenjini  
 30. ngokona impi yakwazulu. Kwakuwukusuka kuka Hlomendlini no Ngoza bayedumela eyakwa Zulu yehlulwa. Wasinda uHlomendlini usizwa uMnyamana ne wakwa Buthelezi. uMpande akadelanga usebuye esephaka enye impi enkulu kulapho uHlomendlini abaleka khona waphindela esilungwini ku malume wakhe uMkhunjini lapho wafike wathatha unina wahamba naye wayakwelaso bonjini. Kwathi ebaleka emathenjini engase Lenge lapho kwakhe khona umzukuluka Matshane Setate Manjeni wahlangana namazimu awamushiyanga naye wasinda ngoba eyiselwi u Hlomendlini.

Amazimu lana abantu ababe baleka kwazulu ngenkathi kubusa  
 31. uTshaka. Imingi lapho babe beka khona Ondini nasemahlathini amakhululu, kwezinye izintaba ezinkulu. Kuthiwa ngendaba yokwehlulwa ezinye izizwe zaphenduka wona amazimu ezinye sezizwe ezaphenduka ama-zimu esakwa Mdunge bakwa Khanywayo. Kodwa nazo lezizizwe aziyekanga ukuhlaselela ezincane kunazo kwathi uHlomendlini esebaleka nomuzi wakhe nabantwana ababili nonina kwafumaniseka ukuthi baphelelwa amandla manjena wayesethi akulalelwe uHlomendlini. Kanti balalanje uHlomendlini uyazi ukuthi lapha eLenge indawo yama zimi. Usephumela  
 32 ngaphandle kwezintaba zase Lenge uthena uma sebalala akala walindela wona amazimu ngoba ewazi ukuthi indawo yawo. Kuthena uma kuthi ukukwalala ezwakala amazimu esefuna isikhundla lapho emubone sengathi ungenakhona khona eLenge. Kuthiwa amufuna amazimu az e axabana kwazisa kuthi linye elamubona la selilanda lana amanye amazimi. Lithena lingasazi selilodwa lakwela phezukwabo.

Walidumela uHlomendlini way walilahlahphansi kuthiwa walibulala

khona lapho izimu. Kwazisa ukuthi amazimu abantu ababulawa indlala  
Kwasa wendlula uHlomendlini. Kuthena uma afinyelele kumalume

33.

wakhe wase uthatha unina babeka ka ngwane obonjini. Lapho wayesena  
banye ayesuka nabo kumalume wakhe. Usefika esiyathola ndawo kulaba  
bakwa Maziya baka Mbundle. Usakha umhzi wakhe omkhulu esifundeni  
sakwa Maphungwane. Nanamhlanjena uyaziwa oka Mahlasela. Nakhona  
wafike wabayisilomo ngokulwa inkosi yaze yamanza induna yakwa  
Maphungwane. Objonjini kuthiwa kwakukhona umuntu owaye lisela  
futhi lomuntu wayeyiseqhanga abantu banesaba. Wayehlala eMahlathini  
asesi Gonyama. Namhlanjena akubanjwa esiGonyama umuntu ngayedwa  
umuntu uhamba uma bebaningi kuleyondawo ngoba uma eyedwa  
kusekhona zona izigagabengu ezingaphuma zimulimaze.

34.

uHlomendlini wemema amadoda ayakhe lene nawo musukwana  
lidla izinkomo zabo lase liyangwaba nalezi ezinye. Kwakungamadoda  
alishumi eyiwona ayela lelisela. Kuthiwa bathi uma sebezeqela  
izinkomo lababona. Lelisela kuthiwa kwakuyindoda ende impela  
kunamanye amadoda. Yathi uma isisondele abaleka lana amanye amadoda  
wasala yedwa uHlomendlini. Kuthiwa baqumelana nesela lelo kwakubi  
impela. Kwathi kanti limudumule laye lamuthela ogaganeni labuye  
lamuyeka lamukho bisa ukuthi uzokufa. Wathukuthela wafa  
uHlomendlini. Uthena eyakhulona waye secibile impela.

35

Lithelithi liyamudedela endlule wawuphonsa umkhonto waligwaza kwa-  
manane likheleka wawuyaphinda uyaliqedela. Konake lapha wathola  
udumo lukhulu uHlomendlini. Kuthiwa yathi inkosi makazithathe kube  
yezakhe yedwa izinkomo ngoba ubuyanazo empini amadoda ese  
mushiyle yedwa. Namhlanjena amaSwazi akwa ngwane athi inzalo  
ka Hlomendlini ama Thonga okwenza inzalo ka Hlomendlini kuthiwe  
ama Thonga ngoba utshwala babo ngamagani nezinkomo abazifuyi  
ngoba zibulawa uLunakane, futhi lenzalo itshala uphoko futhi  
bathanda kakhulu ukukhatha ngama futha loku lona akuwona umkhuba  
wakwa Ngwane bawuthatha kwa Zulu. Kwathi enye inzalo yalesilomo  
sakwa Vilakazi yemuka yaya Ehlazeni eThonga yasabalala. Wafike

36

wabanenzalo eningi waganwa futhi e Swazini. Lomuntu kuthiwa waye  
nomulingo ongaziwa muntu nanamhlanjena amaThonga anomulingo wakhe.

Abelungu bayehluleka ukwakhala kwelama Thonga akungoba lino mkhuhlane kakhulu kwenziwa umlingo nokuthakatha kwama Thonga.

Ukumemeza kwelase bonjini.

37 Kwaku bincwa imitsha emihle yokusotwa emnyama emibala mihlophe yezimvu labobantu, babeyifunela izinti amabaxa zokuyi khuphula. Amabaxa la indoda izihamba iwaphethe njalo. Elinye libe ngakuleseya sandla elinye futhi libe ngakulesiya. Usezode uwukhuphula umutsha wakhe ngalapha wehle ngakhona kakhulu nanga-laphaya futhi angabona abuye akhuphule njalonjena. Kwakunezintambo ezazilenga emaceleni kumutsha, zizona umutsha, wawukhushulwa ngazo. Kukhona kunye futhi kwa kuthi uma kuzokothiwa ibandla kuthathwe ukhamba lwamasilubekwe phakathi kwa madoda kufakwe ukhezo lubelunye kuphela. Kuzokuthi omudala athathe ukhezo loku akhengalo amasi abese uyawadla amasilawo asokhezweni kube kuphela. Kuzakuthi uma eseqedile alinike omunye ukhezo oluseceleni kwakhe kwenziwe njalo kuze kuyofika kulowo wokugcina kwenziwa njalo. Ukhezo usezolubeka ngaphezulu ngoba sekuphelile ukumemeza kwabo. Miningi imikhuba eyafika naye uHlomendlini kwelase bonjini. Abanye basayigcina lemithetho yokulinuza. Kokunye kwakuthathwa utshwala bebuncane njena kanti amadoda maningi impela naleyo izohabula kancane aze

38 inele amadoda lana. / Omunye umkhuba owoku phelezela umnumzane uma ebona ukuthi usekhulile manjena usezobiza amadoda ububa aphelele awatshene ukuthi manjena usekhulile ngako ufuna ukuphele zelwa yena amadoda azovuka ekuseni impela aye kulowo muzi. Asazo muthatha umnumzane ahambenaye ibanga elidana umakusa vuma ukuba ahambe. Uma kungasavumi kube yibangana elincane njena. Njena Kuye kuye amadoda amadala kuphela uma kuphelezelwa umntu kuyakuthi lapho eyohlala khona sekubongwa amadlozi kuzophuma umuntu owazi oyise mkhulu balona ophelekezelwayo usezobabonga impela Kuthi umakusekhona omunye naye ebaziyo naye usezobabonga lamadoda awadli lutho lapho ekhona. Kuyakuthi ntambama abuyele ekhaya

39 lalendoda ephelezelwayo kuyakuthi uma befinyelela ekhaya bese lendoda ihlaba inkomo noma zebembili. Kuzakuthi naleyo ndoda isikelwe inyama. Angene nayo ebusuku emuzini yawo amadoda. Futhi iyakudliwa abadala bodwa. Umuntu osemncane akavunyelwe ukuyidla lenyama. Idliwa kamuntu omdala walowo muzi nona yethulwa yethulwa kuyena umuntu omudala.

Yiyona imikhuba eyafika no Hlomendlini naye wayi thatha kwa banye abantu bezinye izizwe njengawo amaThembu. Kusobala ukuthi ama Thembu akuqala ayekwenza loku noma lana anamhla angakwenzi nokuvunula uyena owabonisa amaThonga nabantu baso bjonjini. AmaThonga ayengakwazi ayasimuze abophele isikhumbanje.

40.

Amagama angandile.

- |     |            |          |  |                      |
|-----|------------|----------|--|----------------------|
| 1.  | Inqindulu  | :        | Inkomo engenampondo                            |                      |
| 2.  | Isehleza   | :        | Inkomo eyephuke uphondo                        |                      |
| 3.  | Inxahi     | :        | Inkunzi esanda kuthenwa                        |                      |
| 4.  | Imbodla    | :        | Ikathi elibungikile                            |                      |
| 5.  | Igola      | :        | Ikati elibungikile                             |                      |
| 6.  | Ichide     | :        | Omuntu oneso lalimala elinye.                  |                      |
| 7.  | Idlobo     | :        | Umuntu oneso elincane elinye.                  |                      |
| 8.  | Iglawu     | :        | Indlu yezinsizwa.                              |                      |
| 9.  | Itoli      | :        | Indlu yamantombazane                           |                      |
| 10. | Ingolobane | :        | Indlu yokudla.                                 |                      |
| 11. | Ixhiba     | :        | Indlu yezimphahla.                             |                      |
| 12. | Isilulu    | :        | Indlu yokudla.                                 |                      |
| 13. | Isibuya;   | :        | Indlu yokudla.                                 |                      |
| 14. | Ingungu    | :        | Umgodi wokudla.                                |                      |
| 15. | Igama      | :        | Umphele ovimbela umoya endlini.                |                      |
| 16. | Isihongo   | :        | Isikhumba sokuvala emnyango.                   |                      |
| 41. | 17.        | Inhlinti | :  | Ithanga eliselincane |
| 18. | Ujejana    | :        | Inyanayenkomo ehlatshelwe ukuthengisa kuphela. |                      |
| 19. | Aqatshwele | :        | Abantwana benkukhu.                            |                      |
| 20. | Umdlane:   | :        | Umntwana wenja.                                |                      |
| 21. | Iphuphu    | :        | Umntwana wenyoni                               |                      |
| 22. | Izinyane   | :        | Umntwana wembuzi                               |                      |
| 23. | Umkhweli   | :        | Ukudla okungavuhwa.                            |                      |
| 24. | Inkova     | :        | Amanzi aphuma ethangeni                        |                      |
| 25. | Iphiliba   | :        | Amanzi atholakala uk'ama utshwala buthonwa.    |                      |
| 26. | Isigwamba  | :        | Insehle etholakala uma kuphekwa tshwala.       |                      |
| 27. | Anevovo    | :        | Asala umahuvovwa utshwala.                     |                      |
| 28. | Isilaza    | :        | Utshwala usebuke balala.                       |                      |
| 29. | Ujwe jwe   | :        | Utshwa obenziwe ngoshukela                     |                      |

42. 30. Isigomfane : Utshwala obenziwe ngoshukela.
31. Umncindo : Umdoko wokwenza utshala.
32. Utshitshi : Into esaphuma amabele.
33. Iqikiza : Intombi esiqomile
34. Inkehli : Intombi esikhehlile isicolo.
35. Ibungu : Umfana ongena ebusizweni
36. Ivukane : Inkuzi eyenkomo esencane
37. Insizwa : Umuntu wesilisa ongaka ganwa.
38. Udwendwe : Uma kuphuma intombi iyogana.
39. Umgano : Intombi uma isukela umuzi wendoda  
iyozendisa  
kuyona.
40. Umgagoo : Ukusina kwentombi uma isizoba umfazi.
- 43 41. Ukwemula : Uma itshitshi selithombile.
42. Umbondo : Utshwala obulethwa umak ti ebusa  
lapho ende likhona.
43. Ameva : Utshwala obenziwa izintombi zikunike  
abakubo wesoka.
44. Anahabulo : Utshwala bungaka vovwa.
45. Umyambazi : Utshwala busaphekwa.
46. Inhlama : Uma kubukezwa utshwala sebuzo  
phekwa.
47. Isijingi : Elinye igama elisho inhlama yotshwala.
48. Umcaba : Uma kwenziwa amasi kugaywa izinkobe.
49. Ukhothi : Lenziwa ngombila ogazingowe uyagaywa.
50. Isidlakadlo. : Kuvunywa umcaba ngomhluzi wenyama.
51. Umcuku : Ukuvutshwa umcaba namahevu.
44. 52. Isilili : Indlu yokwa zulu inezinhlangothi  
izimbili elomfazi nolwendoda kuthiwa  
izilili lezo.
53. Ithombo : Lendawo ingase sililini somfazi  
kulapho inkonyane iboshelwa khona.
54. Umsele : Lendawo isemusamo ngasendaweni  
yomnumzane. Yilapho kuhlalakhona  
amagula.
55. Umgulugulu : Lendawo iphakathi komnyango neziko  
akuhlalwa kulendawo.
56. Isiphando : Lendawo isenhla nesilile somnganzane  
Yilapho kuhlala khona imikhonno
57. Amathomo : Lezizindawo zingaphandle kwendlu  
maqo ndana nezilili
58. Ufindo : Lendawo ingaphandle kwendlu maqondana  
nomusamo wendlu.
59. Isithumbanja : Lendawo ingaphandle kwendlu eduzane  
namacala omabili omunyangano.

60. Ikhathamo : Lendawo ingaphezukomnyango isihambi asivunyelwe ukuhlosha utshani obukuleyo ndawo. kuthi umuntu uma eloye ngalobutshani ongawuqeda umuzi ufe wonke.
61. Iziko. : Lendawo iphakathi nendlu ipahlwe izilili ezimbili sendoda nemkosikazi
62. Umgibe : Lendawo esemusamo lapho kuphela khona izilili yenziwo ngobanono ukuphanyeka izinkezo.
63. Ithala : Nalendawo isemusamo kulapha kubekwa khona ukudla uma kusale uma kudliwa. Yonke into ecama ukubekwa emusamo.
- 46 64. Athandane : Kuyekutshiwo emaphethelweni endlu. Osebeni lwayo.
65. Emlindaziko. : Kuphakathi kwezinsika ezimbili engasemunyango nesemusamo umntwana akavunyelwe ukuhlala kuyona lendawo.
66. Umlanjiwane : Kushiwo ingane ezalelwe ekhaya unina enganga ganga.
67. Isigqala : Kushiwo inkomo engenalo ubisi uma isingwa.
68. Insengwakazi : Kushiwo inkomo enobisi okuningi uma kusengwa.
69. Umphethi : Uma umntu esenga inkomo apha abuye ayiphinde futhi kabili ukuyisenga.
70. Ukuphonsela : Kuphonselwa uma ikwiyi likhahlela uma liboshwa.
- 47 71. Ihongo : Lenziwa ngomulaza kuthathwa umulaza kusengelwe kuwona bese kwenzeka lona ihongo.
72. Ukuhleza : Kuyekuthi uma sekuphelile ukusenga bese kuya hlezwa kusengelwe emlonyeni. Kuhlezwa izinkomeni ezinamathole.
74. Amawele : Abantwana uma bezalwe babababili kunina kuthiwa amawele noma amaphahla.
75. Utshwele : Kuthathwa umbila osumudala ugazingwe ushiswe izeko bese uyadliwa uthoswa ngesidi kiselo noma ngodingezi.
76. Ugumbe : Kuthathwa izintanga zigazingwe bese ziya gaywa zenziwa imphuphu.
77. Ukhothi : Kugaywa umbila ogazingiwe wenziwe umpuphu.
- 48 78. Itshengula : Lolu ukhezwana oluncane lokubema ugwayi luvana ukuphathwa amakehla ikakhulu.
79. Umdlezane : Kuyekushiwo kununtu uma enomuntwana omcane encelisa.
80. Umndlwane : Umntwana wenja.
81. Ukunyelezela : Kuyekushiwo umainja izele umndlwane.
82. Ugodoyi : Kushiwo enjeni uma ingakhonkothi kanti futhi ingavumi ukuyozingela kuyinto njena.
83. Umnqolo : Kushiwo kumfana uma eyigwala esaba abanye abafana.
84. Ijadu : Kushiwo uma into usuku noma noma ilanga.

- 85, Iguga Kushiwo uma into inyane seliyithole.
- 49 86, Ivaka' Kushiwo umuntu owesabayo umakuliwa noma kudlalwa.
87. Ingqwele Kushiwo umfana owehlula abanye abafana uma kwelusiwe izinkomo.
88. Igoso Konomuntu obasoba izinsizwa lomuntu kuthiwa igoso lazo.
89. Iphini Iphini umuntu osizananegoso uma igoso lingekho uyena owenza umusebenzi.
90. Isixebe Kushiwo isoka lentombi uma isiqomile ingaka gani.
91. Ihluzo Kushiwo ivovo lokuveva utshwala.
92. Impundo Kushiwo isango lezi komo uma ziphuma esibayeni.
83. Umvalo Izingodo zokuvala emnyango wezinkomoesibayeni izinkomo
- 50 94 Womedi Kushiwo abafana uma bekipha ~~izinkomo~~ esibayeni uma engafuni ukungena phakathi ~~aspha~~, azikhiphe izinkomo.
95. Kwayigi Kushiwo uma kukhethwa amankonyane esiwakwesawo
96. Inewedi Kushiwo umuntu ohlakaniphile kunabanye uma ebehlula ekwenzeni into ethizeni.
97. Iphisi Kushiwo umuntu othandakakhulu ukuzingela izinyamazane.
98. Ixhwele Ku hiwo umuntu othandakakhulu ugwayi kubanye abantu.
99. Ikloza Kushiwo kumuntu othanda kakhulu inyana noma ukudla.
100. Imfezi Kushiwo umuntu othanda kakhulu amasi
- 51 101 Elamanqamu Usuku lomkhosi.
- 102 Uyadlala umakhasana owazibona zishayana zingqungqulu = Uyadla owayekhona.
103. Lisuka Ntendeni lihlala ntendeni - Lisuka liye komunye ngobuciko
- 104 Ukulishaya ngobunyaminco obuthile ; ngobociko besu lokuhlakanipha.
105. Yagoagca esokeni yaswela umkhatho ukujabula kakhulu.   
 sebevutha
106. Bengasadle nkotshana zamuntu=kusho uma bantu ~~sevutha~~ bethibe!
107. Bengangotshani=kusho uma abantu bebaningi.
108. Imbiza izwiwa ngothi = kusho bona abantu abaningi impela
109. Langena ungedede wazishaya othini = Langena ngehlanhla u into ibingavumi ukungena.
- 52 110 Kwafa igula linamasi = konakala kanti bekusalungile.
- (109) Langena kwaduma umpontiyana ~~kasabi~~ kumvumbi = Wasangana akalibona noma ibola.
111. Bacithka bugayiwe = kona kala kanti bekusalungile.
112. Ngoyizekela amagwababa echobana = Angiyukukhohlwa nanini
113. Ukufa ngampamanye okwezibawu = uma abantu bone ngomuntu oyedwa.

114. Ukuwelelwa yincomazi = uma umuntu ewelelwe ingozi noma isehlo.
115. Esinye mgogodla kuphinda uMasumpa = Isiga uma siphinde savela futhi.
116. Bungangamanzi okuphala izikhumba = uma utshwala bubuningi.
- 53 117. Kusineke amazinyo ukudla = kushuo uma kukun ngi ukudla sekubehlu-  
le abantu.
118. Ngangesidindi somtshiki ulinganamazolo = kushiwo uma umuntu  
emufushane
119. Nohobo ka zavithi inkosi enama ndlayo kushiwo kumuntu onamandla  
amaningi impela.
- 120 Ngangabasemehlweni = kushiwo kumuntu owondile kakhulu.
- 121 Ngangothi lokuwungula = kutshiwo kuyena njalo umuntu owondile.
122. Ufana neshungu lonalifihla ugwayi ukhona = kusho umuntu  
oncishanayo ngento ikhona ayilandule.
123. Uhudulainja efusini = kusho ukuthi uyeyisa.
- 54 54 124. Wethusa uyise esegeleni = kusho kona kweyisa kakhulu impela.
125. Adela muvi ngokuzibopha ngexhamu kwabonakala = ukubonakalisa  
ubugxhawe bakho.
- 126 Kwadlula wafa = kushiwo uma indlala iningi impela kakhulu.
- 127 Limadla zibumi ikati lilalaeziko kushiwo yona indlala inkulu  
impela
- 128 Kwelingafi nkonyane elingakhali bungane = izwe lombuso  
nelinenala enkulu.
- 129 Kwamachanca kwampunzi idla emini kwashayo ngothando = lapho  
kwenziwa ngoku bona.
- 130 Intaka ibekelwa amazolo ukuphuza igobongo = Into eyenzeka kalula.
- 55 131 Unomthwishikane = kushiwo kumuntu owivila elikhulu.
- 132 Utalatiya ngalunyawo = kushiwo umuntu ohambela futhi ongaku-  
tholi ukuphumula.
133. Utalatiya ngalunywainja induku ngingayiphethe = ukwethukela  
muva sekona kele.
- 134 Ukusutha kwakhumbuza uNoshinga ukuthakatha = kusho uma umuntu  
ephindisa omunye ngobubi yena emenzele ubuhle.
- 135 Ngiyihulule imfibinga bakwekazi = uma umuntu efunga. ~~esehle~~  
=esibanga=
- 136 Ungabamba utatagu ngesandla amehlo esibungu = kusho uma into  
ingasozi yenzeka.
- 137 Zithuba ziya obisini = kushiwo kubantu uma befana ebusweni
- 56 138 Amaqanda ka lilo = kusho futhi uma abantu abathile befana.
- 139 Aphelile agabaqa intendele imiwe ieindwa inkukhu yanqunywa  
umlomo = kushiwo kumuntu uma esephelelwa amandla okukhuluma.

140. Galo yiphuka boleka empunzini = Kushiwo kumuntu uma uthi akagi-jime kakhulu impela.

Awuthi gqi = Kusho uma kuthiwa shesha uzelapha.

142. Kuduma uMpontiyana, ukhohlwe umayime lapho embiwa khona = ukusangana uma umuntu engazi ukuthi manjena uzokwenzanjani

143. Ngingenwe iphela endlebeni umbelebele = Kushiwo kumuntu uma ekubelesele ekubekele isineke.

57 144. Ihleba lidlule njenge nalidi = Umuntu oshalazayo athi akakwazi kanti niyazana naye.

145. Uyifunda ivalilwe = Kusho uma umuntu umbona isimo sakhe uqala ukumbona.

146. Udhlala ngegeja kuziliwe : Kusho ukuthi wenza into ongasoza wayithola ngisho nanini.

147. Wadla iqhude lifile = Kuye kushiwo muntu othanda kakhulu umlilo, noma libelele umfumanisa eyokotha.

148. Unamagolwane = Kushiwo kuyena umuntu sheshayo ukugodola

149. Isithuthwana = Umuntu uma evamisa ukuwa phansi aqaleke.

58 Umkhulu Vilakazi lena kwakuyindodana ka Mphaphetho inkosi yama Vilakazi kwathi ngelinye ilanga izingane zidlala esibayeni kwezwakala ukuthi unina ka Mkhulu amubulele ananye amakhosikazi ngombango wokuthandwa inkosi yena. Kwakusewuyena yedwa uMkhulu leuyise Wasala waba yintandane.

Ngigonde ukukhuluma ngama Swazi alapha kwa Zulu. Ngisho bona abama Vilakazi. Sengathi akuwona njena aka Mphephetho iwona kodwa yinzalo ka Mkhulu noma efunga afunga yena Umkhulu.

59 Kuthena langa linye uDingane inkosi yama Zulu yahlasela wona amaVilakazi. / Amadoda ayengekho ekhaya aye komkhulu kulindelwe yona impelena. Kodwa laba besifazana babesemakhaya njena. Bathena bethuka babona impi isaqamukile bazibiza zonke izingane kodwa uMkhulu yena wasala ezindlalalanjena engazi ukuthi izwe liphelele kuphi. Uthema ethuka wayesekakwa impi yakwaZulu. Zamubuza izinduna ukuthi uzalwa ubani wazilandisa kodwa okwakhanya ukucaza kwakhe ngoba wa ye seyingane. Kuthena kunjalo wathi uDingane kuhle angabulawa umfana wakhe lona. Nebala zamuthatha izinduna zamugcina lomfanyana. Kuthena noma bebuza ukuthi abantu basho nephi akaphumelela ukusho.

60 Kuthena uma isilwile impi yehlulwa eyamaPhephetho kwase kuthathwa i-igqila nezinkomo kwabuywa. Umkhulu usenikwa unina ka Dingane ukuba

amondle. Kuthiwa lapha wahlalakahle wadlala nezinye izingane  
Kuthiwa wathi uma esemkhudlwana wabonakalisa ubuqhawe bakhe washaya  
ezinye izingane kwakubi impela konina bazo. Wathokoza kakhulu unina  
ka Dingane ngokubona iqhawe lakhe naye uDingane wajabula.

61 Kuthena uma esethobile u Mkhulu wase enziwa inceku ka Di-  
ngane wamusengela ubisi. Ubuqhawe bakhe bakhula njalo buyaphambili  
inkomo uma imhlaba waye yibulala masishane, noma umuntu uma bexabene  
wayazi ukuthi uzokufa kungabi ndaba zalutho ngoba wayemuthanda u  
Dingane.

Kuthena ngokuxabana kuka Dingana nomfowabo uMphande wase  
uyabaleka uMpande nempi yakhe wase esilungwini wasala uMkhulu beno  
Ndlela nabanye. Uthena uma esebuya uMpande useza nabelungu. USeyeqa  
uMkhulu nebutho elikhulu uyaku Mpande. Owenza ukuba uDingane ehlulwe  
uyena uMkhulu. Udingane uthena angabona ukuthi uMkhulu usengaku  
62 Mpande wabaleka waye wafela lena obonjini. Kungathi wabulawa iwona ama  
Vilakazi aye sasele. uMpande usemenza isikhulu uMkhulu lona  
ngokumusiza wayesiwa ngobuqhawe bakhe. Noma esebusa uMpande wase  
uMenza inceku yakhe. Kuthena langalinye kubusa uMpande wathi kuhle aba-  
njiwe uMkhulu lona ngoba wayeyisicwinsi ecwensela ezinye izinduna  
zenkosi. Nebala wase uyabanjwa uMkhulu walaliswa phansi wasikwa izindle  
be zombile. Ngalesisenzo kuthiwa wathi ukuthamba kancane wesaba  
impela. Kuthena kunjalo wathi uMpande kuhle maka kehlwe manjena u-  
Mkhulu akhelwe umzi. Nebala kwabanjalo wase uyakhehlwa u Mkhulu  
ibutho lakhe kwakungumbhulutshana. Kuthena umasewakhiwe umuzi  
wathi uMpande maka wuqambe igama wala uMkhulu. Wathi  
kuhle uqanjwe iyona inkosi. Nebala wawuqamba uMpande wathi kuse  
63 malinga. Kuthena uma inkosi isimakhele umuzi, yase iyamuganisela intomi  
yase Langeni wayithatha wayi thanda futhi u Mkhulu le ntoabi  
wakha umuzi wqkhe wakwa Malinga. Kuthe emvakwaloku inkosi yase  
imuxoshisa izinkomo yamunika nezinceku. Wajabula kakhulu uMkhulu  
wase uyamunika futhi nemvali yakhe. UNgendleni Mavimbela. Kuthiwa  
wagiya uMkhulu musukwana enikwa izinkomo bamubongela bonke nayo inkosi  
uPande yabongela yena uMkhulu.

Mkhulu oncokazi ngulube,

engenakulunga.

Magamndala ngeklwa lakhe!

Bayasola bedla,

Mkhulu oncokazi.

64. Kunamaseko kuyaphekwa'.  
 Mbiza ebonvana ngomlomo,  
 Emsamo kwa Songiya,  
 Ziphephane ziyabonakala,  
 Ziphunga amanzi,  
 Ziphethu ziyaboboza,

Kuthena ukuba kuphele loku wase uyahamba mKhulu nabantu bakhe. Kuthe ngilinye ilanga kwafika uNdubuzo Ndlela ezokhonza wayehamba nonina nomkakhe naye uMkhulu wase uyaganwa wada umuzi wakhe waba mukhulu impela.

Kuthena emvakwaloku yamubiza inkosi uMpande yase imenza inceku enkulu emuzini wayo omkhulu wakwa Nodwengu. Wawakhwa umuzi wakhe kodwa akahlalanga kuwona wabuye wayoba yinceku yenkosi.

65 Kwathi inkosikazi yakhe yokuqala yathola umntwana womfana wamugamba igama wathi uNdimande uyena owayiyinkosana kuyise. Kuthena uma uMpande esekhulile wayesebiza uCetshwayo wathi nangu ozoba inkosana yami umfundise konke okuswelekele umangingasekhoesho ku Mkhulu. Lesisenzo sazicasula kakhulu impela izinduna nezinceku ukuzwa uMpande ekwenza uMkhulu kuzona. Zathi izinceku ubeyini uMkhulu lapha kuthiwa angakhulisa umntwana wenkosi na? Sibe sikhona thina bozalo kuthathwe into yokutholwa na? Iswazana into engeyothona.

66 Walalela no Cetshwayo wa/muhlonipha uMkhulu nayeke umuzi wakhe wakhala impela waba mkhulu.

Kuthena manje ngokubona loku ezinye izinceku nezinduna zamusongela ukuthi ziyomubona musukwana kwaphuma impi. Lolusongo laba lukhulu lwaze lwafinyelela ezindlebeni zika Mkhulu kodwa kuthiwa akanakanga njena.

67 Kuthe musukwana uMpande ephaka impi ukuya eSwazini izinduna zacela omunye umfokazana ukumuzuma elele amubulale. Kuthena nebala uma impi ingenisa kwathi esalele uMkhulu wavuka lomfoka zana wamugwaza wafa khona lapho uMkhulu. Izinceku zamuthembisa inkomasi enethole lomfokazane.

Kuthiwa wakhala kakhulu uMpande isililo esingapheli ukuzwa ukuthi uMkhulu ufele khona lena empini yama Swazi. Kuthena ukuba athule isikhashana uMpande wayesebiza yona indodana ka Mkhulu uNdimande ukuba azothatha isikhundla sikayise. Kuthiwa wamufumanise asemuncane.

Wausethumela izwi emuzini ka Mkhulu ezincekwini zakhe ukuthi zisize abantwana baka Mkhulu zibaphathekahle impela baze bakhule. Kuthena amantombazane wawathatha uMpande wawasa esigohlweni sakhe. Amanye njalo asala ekhaya kwathi uDanibuza induna enkulu ka Mkhulu wayibiza ukuba/ibe inceku yakhe esikhundleni sika Mkhulu nabafana baka uMkhulu babuthwa bayohlala emzini wenkosi uMpande. Lamantombazane ka Mkhulu ayethwalela abancwabo ukudla uma bebuthiwe. Ibutho lenkosana ka Mkhulu u Ndimande kwakuwu Bewula.

Kuthiwa enye yezinduna yasho ku Mpande yathi washo ephuma lapha uMkhulu ukuthi akanakubuya kulempi. Ngoba abathakathi bamuthungele isilwanakazana sangena endlini yakhe kwaba wumhlola wona lowo. Ktuena ukuba uMpande aphinde ukuzwa lamazwi ngomkhulu wase uya-khala impela kakhulu ngomkhulu

69 Kuthena uma esefile uPande ubukhosi bathathwa uyena uCetshwayo owayese makhule uBuyazi ababeba nganaye ubukhosi . Kuthena uma esebuysa wabazisa naye abantwana baka Mkhulu. Kwasuka uMsema wayo zikhethela intombazane enhle emzini ka Mkhulu. Intombazane ayifumanisa iyinhle uNokukhanya. Yenake wayengamufuni lomuntu kwathi no Cetshwayo wamelekelela angavumanga ukuba umntwana ka Mkhulu, kudlalwe ngaye. Kwathi esikhundleni waye segana uMangale uyena uCetshwayo owamuganisa kuma Mangele. Phela uMangele waye yisilomo engomanye wezinduna. Kwathi izinsizwa zika Mkhulu zathetha nazo abafazi wanda umuzi, ka Mkhulu. Yingako namhlanjena sibona amaVilakazi amaningi phakathi kwazinzula. Kuthena indodana ka Mkhulu yanikwa umuzi nayo, namanye ngobuqawe bawo axoshiswa izinkomo kwaba umuzi owesabekayo wama Vilakazi. Isifunda saba kuse Mkhuze.

70 Kuthena ngokufa kuka Cetshwayo wase uyacit eka umuzi ka Mkhulu phela uzibebe walidunga izwi la kwa zulu ngizimpi zakhe waze wamubulala no Cetshwayo impela. Kwathi umuzi ka Mkhulu ngoba yiwona onaqeda uzibebu Uwubulala njena sekubusa yona indodana ka Cetshwayo, Dinizulu. Wawu hlasela ebusuku, kuthiwa abasinda abaphuma bayocasha. Wabulala ngisho nezingane. Umuzi igama lawo kwaku ka Malinga. Wawuqanjwe uyena uMpande Yingako namhlanjena amadodana ka Mkhulu asehambe etholwa ngamanye.

70/71 Amanye akuloleli lase Mhlathuze empangeni. Amanye alena emvoti ngaseduze nase Thekwini lapho e khona namhlanjena. Amanye njalo imiconselana isatholakala khona kwelase Mkhuze. Kufanele izithakazelo zama Vilakazi zehlukane kanjena. Ngoba nalabo babonga uyise Mkhulu wabo.

Kukhona uVilakazi Mphephetho oyena ngempela no Vilakazi Mkhulu no Vilakazi Ndimande.

UKUPHICA.

72. 1. Ngikuphica ngezinszwa zami eziphatha amahawu amabili. Loku kusho amaphela ngoba amaphiko amabili abomvu.
2. Ngikuphica ngezimbambo zezwe; Loku kusho izindlela zabantu nezezimoto ezisemhlabeni zifana nezimbambo zomuntu.
3. Ngikuphica ngomuntu wami okuthi ekusemi abenezinyawo ezine, zibenthathu, kuthi umaseliyoshona zibezine. Kuthiwa ingane uma isaqala ukukhasa isibadazela ngezandla nangzinyawo. Okwezibili kusho lapho ingane isikwazi ukuzihambela noma yenzani isihamba ngezinyawo. Owesithathu kusho lapho umuntu esegugile engasakwazi ukuhamba ngaphandle koboko. Okokugcina kusho umuntu esegugile ipela esehamba nezinduku ezimbile.
- 73 4. Ngikuphica ngokudla kwami okungahlali impukane. Loku kusho umlilo ngoba ayizi ngahlala emlilweni.
5. Ngikuphica ngenzizwa yami egiya igiye ibuyele entabeni: Loku kusho iphini ngoba uma uphekile ulethula phezulu, uzobonda ubuye ulibuyisele uma usuqedile.
6. Ngikuphica ngenkomo yami ebomvu ibiyelwe ngesibaya esimhlophe: Loku kusho ulimi namazinyo.
7. Ngikuphica ngenkomo yami emnyama ehlala ehlathini elimnyama futhi edla ehlathini elimnyama. Loku kusho intwala ngoba ihlala ezinweleni ezimnyama futhi idla khona.
- 74 8. Ngikuphica ngenkomo yami edla ibuye esangweni. Loku kusho umthanyelo ushayela yonke idlu ngawo uze ubuye emnyango.
9. Ngikuphica ngezinkomo zami eziphuma la kuthi hwalala zibuye uma kusa; Loku kusho izinkanyezi ngoba izphuma lakuthi hwalala zinyamalale uma sekusa.
- (10. Ngikuphica ngeziziba zama ezimbili ziphahle ugodo: Loku kusho amehlo no mbombo.
11. Ngikuphica ngendoda yami okuloku yazalwa ihamba ngezinyawo ezintathu; Loku kusho ikhanzi nemilenzi yalo.
12. Ngikuphica ngezintombi zami eziloku zazalwa zifaka amabatshi amhlophe nezikethi ezimnyama. Loku kusho amehlo omuntu ngoba emhlophe ayesabana mashiya amnyama phakathi nawo

75

13. Ngikuphica ngamasotsha ami /aphuma kanye abesefa; Loku kusho umetshisi ngoba uklwela kanye ngawo ubusu phela umsebenzi wawo.

23

K13/21

14. Ngikuphica ngezinsizwa zami ezingama soka uthi uma ifika emuzini kukhale wenangane nawe wena xhegu. Lokusho inyama yona angathi angayiweza umuntu kuname bonke ekhaya.

15. Ngikuphica ngezinsizwa zami ezijahana njalo zingaficani:

S. 813.

F Vilakazi bl. 23

17. Ngikuphica ngomuntu wami<sup>m</sup> uthi ngigambe nginye:- ikhala na mafinyile. Uma umuntu efinya.

76 18. Ngikuphica ngenkosikazi yami ethi uma isisesangweni kikisele. Lukusho isithimela ngoba umsesingena edilobeni siyakhala.

19 Ngikuphica ngegula elingena mbotshoselwa. Loku kusho ibodwe noma kokunye kusho ukhamba.

20. Ngikuphica ngethafa elulu hlaza lidla izinkomo ezihlaza futhi. Loku kusho ulwandle namagagasi umaalwangusa olwandle

21. Ngiku hica ngokudla kwam akugaphekwa nganulilo. Loku kusho amasi ngoba awaphekwa kodwa athiwa eguleni kufumaniseke esevutiwe.

77.

22. Ngikuphica ngengane ebalekela isishiphi sikanina. Loku kusho isibamu umasidubula inhlamvu iphuma ibaleke uma isibamu siduma.

23. Ngikuphica ngabafana bami ababili babalekela oyise ababili futhi. Kusho amasongo enqola ngoba amasongo angemuva axosha angaphambili kodwa awawafumanisi.

24. Ngikuphica ngwqhude lami elihlala ngesisila; Loku kusho ukukhala kwesiswebu ngoba siqhuma ngefosi.

25. Ngikuphica ngezinkanyezi zami zigowele umhlaba wonke; Loku kusho iziphaphane zona ziqhakaza kugowale izwe lonke.

26. Ngikuphica ngeh shi lami lithi umalingaka ngeni esitebeleni libe mhlophe liphume selivethi futhi ngamanqina. Loku kusho isinkwa sikafulawa ngoba singena ebodweni simhlophe siphume singase mhlophe.

78

27. Ngikuphica ngahasi lami alibulawa isimoti ya libulawa ukuguga; Loku kusho ibayisiki e ngoba lize leqede ukuguga kuphela.

28. Ngikuphica ngezinsizwa zami ezifaka amabantshi aluhlaza ngelinye ilanga abomvu, ngelinye ilanga amanyama: Loku kusho ukushintsha kwa majingijolo.
29. Ngikuphica ngezibani ezimbili ziphahle intaba: Loku kusho amehlo nekhala eliyentaba.
30. Ngikuphica ngomakoti ogqoka izingubo ezimhlophe nesigqoko esimpofu: Lokusho izinti zikamentshisi.
- 79 31. Ngikuphica ngezinkomo ezihlala/ezibayeni esibomvu zona zimhlophe: Loku kusho amazinyo namalakanya.
32. Ngikuphica ngabantu abaphasa intaba. Loku kusho izinsika zendlu zona ziyimisile ukuba ingawo.
33. Ngikuphica ngomuntu wami othi angawela endaweni elukhuni bese uyafa. Lokusho ibodlela.
34. Ngikuphica ngezinkomo zami zidla ehlathini elimnyama: Loku kusho izintwala zasekhanda.
35. Ngikuphica ngewisa elibethelwe ngezipikiti ezimnyama: Loku kusho ikhanda nezinwele.
36. Ngikuphica ngesihlahla esina makhasi amabili. Loku kusho umzimba nezingalo.
37. Ngikuphica ngempuphu emnyama ehlala eshungwini: Loku kusho ukwayi wamakhala nomlomo.

80

Amacala ekubulala abantu ku ma Vilakazi.

Ngalezunsuku umuntu akasabulawa umuntu obulawa umuntu osuke ebulele omunye umuntu abanye abanamacala amaningi ngezinhlobo zawo abasa bulawa. Kusabuswa ku Mophephetho ukufa komuntu bekungelutho njena. Umuntu ubefa ngesono esincane angasi lindela abone ebulawa omunye onesono esikhulu abone ephumelela esinda.

81 Kodwa kunomukhuba angandanga kwezinye izizwe awawenziwa ama Phephetho. Kusabusa umphephetho umuntu umaonile abeshiswa noma isandla kuze angabe asayenza lendaba. Kodwa abantu abayekelanga ukona. Ukona kwanda kwayaphambili kuthena noma abanye sebulawa ukona kwanda ukuya phambili.

Kuthi muva umuntu ubedliwa umuzi wakhe wonke. Lana amasu inkosi umphephetho kwakukhona amabutho ngamabutho amanye okudla izinkomo zabantu.

82

Kwaku nezinduna zokuthetha lawo macala. uMphephetho wayengazi thetheli yena amacala. Kuthi icala esele khule izinduna lisiwe kuYena uMphephetho ukuyali thetha nezinduna nanamhlanjena amacala kwelase Swazini athethwa kanjalo. Uma icala selifike ku Mphephetho umuntu wayazi ukuthi uzokufa noma kanjani uma limulahlile icala lakhe. Yingako abantu babangafisi ukuba amacala abo afinyelele enkosini amacala kuthiwa ayevama ukugcina encekwini yakhe uMphephetho yona yayinge nawo amandla okubulala umuntu. Ibumudla nje ngezinduna. Yona kodwa ibumudla kakhulu ku nezinduna.

83

Amacala ayevama ukwenza umuntu abulawe ubugwala empini nokuthakatha, nokweba no kuqamba amanga. Lamacala anjalo iwona a yesondeza umuntu enkosini amanye ayethethwa yezinduna nezinceku ziwa nqume khona lapho.

Uma umuntu enqunyelwe ukubulawa inkosi uma icala lakhe limulethe enkosini kwakungalingiswa kwa Zulu lapho umuntu waye bulawa nomuzi wakhe. Yebo waye bulawa nalapha bese kuthathwa yonke imahla yakhe isiwe enkosini. Inkosi isizothatha eziningi izinkomo ishiyele umuzi wakhe intwana encane njena, kodwa umuntu wayengabulawa nomuzi wakhe nakancane.

84

Kodwa uma umuzi ungamasela kwakwenzeka ukuba ubulawe wonke noma uma uthakatha, kodwa kwakunga vamile ngoba inkosi yayesaba ukuthi isizwe sayo sincane ifuna ukusandisa njalo njena.

85

Ukufakazela kuthi ukuthi uMphephetho wayesaba ukubulala abantu abaningi kwathi ngokunye usuku kuphume impi ilwa nama Thonga ku phume uNgazane induna yempi nezinye izinduna. Nebala yalwa mpi. Yehlulwa eyama Thonga zadliwa izinkomo kwathi izinduna naye uNgazane unduna kulu zabe lana ngalezi izinkomo kwaye kwafika emadlebeni ka Mphephetho lothethwa icala labalahla. Kwathi kodwa lezi ezinye izinduna zadliwa izimbomo zazo, zaluswa nase zikhundleni kwangena ezinye. Kodwa uNgazane wabulawa yena ngoba uyena uduna kulu, kwazulu ayeyokufa wonke lama duna. Umthetho ka Mphephetho wawe hlukile ko wakwazulu kokunye angisho ukuthi wawu ngekho amubi wawu muningi nakhona amubi ngoba umuntu ubabayamuzonda abanye lalimlahla ecala. Kuningi okunye okubi

- Kunezindaba esengathi amakhosi akuqala ayetshenana ngazo. Ngisho ngendaba yezangoma eyenziwa uTshaka kwa Zulu kanti naye uMphaphetho weyenza. Kwathi naye ngokubona amanga ezangoma ebona futhi nabantu bephela ngamacala okunukwa izangoma wase enza isu lokubona ukuthi zibulawe ngempela yini. Kwathi umntwanakhe wenkosikazi yokuqala intombazana uNomandla wa muthatha wnika induna ukuba imfihle lomuntwana nebala induna yakwenza loku yamufihla umntwana yamubeka emzaneni womuntu wakwa Twala. Inkosi ya se ihlaba wona umkhosi ukuthi umntwanayo akabonakali nebala kwalandwa zona izinyanga nezangoma. Kuthena kwa sukela ekuseni kufunwa kwathi ngakusasa kwathiwa akubule izangoma. Nakhona kuma Phephetho zabizwa izwe lonke ukuzo bula lomhlola. Zabula izangoma eziningi ezehluleka zabalawa. Kwathi ezintathu zaphumelela esinye samuka yena uTwala.
- 86 Eximnili<sup>b</sup> zanuka yona induna kwathi lezo ezehlelekile zabalawa zonke. Kwathi nalezi ezimbili zabalawa ngoba azikhombanga oyena umuntu ngempela okuyena. Okubulawa komuntu othakathayo uma icala limulahla kwakucijwa izinto. Kuzakuthi ibutho limuyoje ngemuva ngazo izinti lizi. Kwakuthathwa uqunga. Banyoje ngalo azeafe umuntu omunye bamushiye esezwa alale angalele izinti zimugwaza amathumbu. Kuyekuthi ngaphambi kokuba ajojwa ngazinti kunikwe izngane zabafana ukuba zimushaye zimushaya njena uboshiwe izandla nezinyawo akakwazi ukunyakaza nakancane lomuntu.
- 88 Bangingi ke abantu ababalawa uMphaphetho ethungaloku mhlaumbe abantu bangayeka ukuthakatha. Kodwa esikundleni soku phela kwayaphambili kuthathakatha. Akuyikona ukuthi labantu babethakatha ngempela kwenza ukuzondana nokuqambelana amanga kwa bantu. Kwaze kwavela isiga ngaye umuntu kathi ukuthi: ukwanda kwaliwa umthakathi yene ehamba ebusuku kuphela. Eminye imixi yabula ngendaba yamanga nokuzondana kwezinduna zibanga izikundla. Kuthena uma isikubona loku inkosi yase ibiza zona izinduna nezangoma kuthi kuhle umuntu angabalawa kungatholwanga iqiniso lecala lakhe.
- 89 Nebala umuntu ubengabalawa njenge kwa Zulu lapo bekulula ukubulala.

Umuntu ubehlawuliswa ekakhulu kwa Mphephetho. Ninye icala elobogwala uma umuntu eligwala wesaba mhlaumbe izitha zakhe ~~siza~~ ziziningi kunaye wayehlawuliswa uma enesikundla esithile wayephucwa leso sikhundla sakhe sinikwe abanye. Izikhundla zazi tholwa ngobuqhawe, uma uligwala wawungasitholi isikhundla. Kwakunge njenganamhlanjena lapho umuntu noma eligwala kodwa umehlakaniphile wuya sithola isikhundla. Wonke umuntu wa yezama ukubona kalisa ubuqawe bakhe ukuze anikwe isikundla.

- 90 Ukuba wumthakathi umuntu akazenzi kuye kuthi esemnace uyise bese uyamgcaba lona uhlanga lobuthakathi ukuze anga vilaphi noma kanjani. Loluhlanga luzokhula naye umntwana lona aze abemudala enalo. Kuyakuthi uma esemudala luqale ukusebenza kuyena egazini. Akuqondakali ukuthi luvuselelwa yini ukuthi liqondane nabo umuntu esekhulile. Kokunye omunye kuthiwa limuvuka esemnane abonakale emuzini wabantu ebusuku. Omunye umfana wabanjwa kumunye umuzi ebusuku. Uma esebuzwa ukuthi ubeyaphi wasethi naye akazi
- 91 kuyamusuka ukuthi akaphume ahambe. Inkosi yathi ukukuzwa loku yase iyamuhankela <sup>f</sup> umgana lona yase ithi akufunwe inyanga izomelapha Nebala yatholwa inyanga yame lapha waphola njenga bantu bonke. Kuthiwa yamusika lona uhlanga alugcatshwa uyise esemuncane kuthiwa baningi eyabasiza kanjalo inyanga yenkosi. Abanye basinda abanye kuthiwa akuvumanga baphikelela ukwenza wona lowo mhlola. Okwenza abanye bangaqanuki yingoba abanye banezinhlanga eziningi abazigcatshwa oyise base bancane. Owaye sehlule wayebulawa. Inyanga ya bathakathi yayihlala emzini wenkosi.
- 92 umphephetha. Nabesifazane banazo izinhlanga. Amanye amacala awoku banjwa nomfazi wamuntu kodwa lana ayehlonishwa impela. Akhulunyelwe phansi. Lowo muntu owenze lowo mohlola wayebulawa. Wayenga thethelelwa nomakanjani. Naye owesifazane wayebulawa.
- Kokunye umuntu wesifazane kungezwa kala ukuthi uyaphinga waye bulawa kungelona iqiniso. Laba besifazane babeqambe lana amanga umabebona ukuthi amunye uyathandwa kunabo. Kwamanye amazwe akabulawa lona wesifazane kanti ngoxoshwa ekhaya. Noma uyise ahlawulele umutanakhe ngokuganga. Kodwa kuma Vilakazi waye bulawa. Kwaku bulawa ngisho namantombazane imbala enza lomhlola.

93

Kwakwesatshwa ngobaphela kuthiwa uma umuntu wesilisa ethanda abesifazane waye ngenawo amandla. Yingako abantu abangamabutho babe ngavunyelwa ukutsheshe babe nomuzi. Kwakuthi uma sebegugile kube yikhona umuntu enikwa umuzi.

Okokunye kwafumaniseka ukuthi ibutho lezinsizwa leganga nomdlunkulu wenkosi. Lezonsizwa nalezo zintombi zazibulawa zonke langalinye. Umuntu wesilisa akavunyelwe ukuthandana nabesifazane. Uma ebonakala enjalo kuthiwa induna yamanina. Noma sekusemkhandlwini amadoda ayamhlokoma. Omunye abulawe. Nensizwa yayingalibali yizintombi sasingekho isikhathi sazo.

94

Okokunye kathi amakhosi kazi ka Nonkulula afumanisiwa ukuthi ayaganga. Lendoda yayinodumo kuma Vilakazi kwakungamakhosikazi amabili. Athi ukubona kuthi indaba yabo isidumile manjena abaleka lamakhosikazi abeka kwangwane. Inkosi yathumela amadoda amathathu ukuwa landela nebala kwaba njalo. Kuthena ukuba afinyelele kwa Ngwane kanti naka nalamadoda amabili eyesithathu yayingasekho yafela endleleni ngendaba yomkhuhlane. Ase aya wacela ukuthi ayafuneka inkosi yawa funa ase ayasedelwa ahamba nawo lamadoda. Kuthena uma afike nawo ase ayabualwa khona manjalo.

95

Nokufumaniswa isigodlweni somnuzane kwakuyicala elikhulu impela. Omunye wabanuzane wafumaniswa esigodlweni somnwewabo, wayengaqonde lutha, kodwa ngoba wafumaniswa ehlezi namakhosekazi ka Bekameza umfowabo wathola icala elikhulu impela. Kuthena uma esezo bulawa uMathukuza wemuka emizini wakhe wavalelisa ithena ifika impi ayamufumanisa yena wabalekela kwa Zulu. Kwakuyibanga elide ukusuka kwa Mphetho ayakwaZulu. Kuthi yamuxosha impi yaze yamuweza uPhongolo. Yena njengoba umfula wawugwele wasizwainja yakhe eyathi uma esemuka yamkhonkotha yaze ya ziphonsa eduze naye wase ebabelele kupona yemuka naye yaye yamuweza.

96

Kuthena no mabethi bayamuciba ababebesa siza lutho base bephindela emuva. Umfula wawugwela impela. Wasinda kanjalo uMathukuza. Njengoba amaPhephetho ye nomuthi omubi wokulalisa abantu uyena uMathukuza owayeyinyanga enkulu yalomuthi. Kuthena uma impi yama Phephetho yehluleke ukumuthola wase esegena esizweni sakwa Nzama esizweni sika Gougowa. Njengoba izinkomo zabo laba bakwa Nzama zase ziphelile ukutshotshwa yiwona ama Phephetho wathokoza

97

kakhulu uGcugcwa ukuthola uMathukuza wamenza inyanga yakhe ngoba ama Vilakazi ayaziwa ngomulengo wawo. Wase yitshena inkosi yama Nzama amasu okuthola izinkomo kwezinye izizwe. Nebala waqala ukusebenza ngemilingo yakhe. Akavumanga ukuyozintshontsha ku ma Vilakazi wayekwazulu ngoba wawungaziwa lomlingo. Nebala bazintshontsha izinkomo zika Tshaka. Phoke uTshaka waye nole engagangelwa muntu. Kuthena ukuba awuzwe umkhondo wazo wathumela ku Gcugcwa ukuba makazibuyise. Waba nenhlahla uGcugcwa ukuba angaboni ngempi njena. Kwalikhuni ku Gcugcwa ukuzibuyisela. Usebaleka uGcugcwa nesizwe sakhe sonke usegudla ulwardle wazew wa yofinyelela eklazi eduze nase Thekwini. Umuzi wakhe wawulapho sekwakhe khona, isikole saseManzinthoti manjena (Adams Training Colloge)Kodwa lapho akahlalanga iminyanga eminingi wabuye wabaleka waphindela khona kwa Zulu kuthi uma eselapha entendeni wabuye wazintshontsha izinkomo zenkosi uTshaka wathumela futhi uTshaka izigijimi ukuyombiza nebala zaye zamufumanisa eNtendeni naye uMathukuza becashile khona. Kuthena amazifinyelele kuyena izigijimi zike Tshaka zomyenga kuthi inkosi ifuna ukuba bahlasele uMphephetho ngoba usehluphile weza izinkomo zayo. Wayabulawa uGcugcwa ukuzwa amazwi amandi evela, Ku Tshaka. Futhi wamethembisa ukumupha izinkomo uma ukuthi umusizile.

98

Kuthiwa wasukela Phezulu uGcugcwa/<sup>ne</sup>mpi yakhe ayena yo. Kuthiwa wathi uma embone u Tshaka wabamba umlomo o ongaphansi wama wamubuka. Kuthiwa waveva lapho uGcugcwa emubona emubuka ngamehlo abukhali uTshaka. Kuthiwa wathula isikhathi eside uTshaka. Kuthiwa wathi esuka waye babaza ethi "zulu Hai, Hau, Hau! ake nikubone kuthi kungakanani, kanti kuhlupha kangaka kanti yinto engaka nje. UTshaka kuthiwa wayelindele ukubona insizwa enkulu kanti uGcugcwa kwaknyl ndoda incane njena emfushane futhi.

99

Thena uma esembulala utshaka wathi kuhle athathwe nayo inyanga yakhe uMathukuza bavundliwe e mnyango lapho kuzohamba khona izinkomo. Kwakungenkomo kwakwe sabeka impela. Nebala wathathwa uGcugcwa nenyanga yakhe bavundliswa khona emkhondweni wezinkomo. Omunye waba ngaphezu komunye. Inyanga yakhe yaba ngaphansi. Yamendlalela. Kuthiwa amazwi okugcina ka Gcugcwa esebonile ukuthi uyafa wathi"ubona mina njena nawe bayakukubona kusasa."

100

Kuthiwa izinkomo zaqale zethuka zeqa kwathi noma izenye zibanyathela akwafana. Kuthiwa wawa phinda futhi lamazwi uGcugowa ku Tshaka.

100 / 101

Wathi uTshaka kuhle zihlanganiswe ziminyanise umaziya khona nebala zaba nyathela akwa bona kala nokuthi kwakungabantu yini. UGcugowa wayengenaye umntwana kodwa waye namakhosikazi amaningi impela. Kwathi umfowabo wanuzalela izingane eziningi. Nanamhlanjena a bazukulu bazo basekhona. Phela ngomuthetho wesizulu umfowabo uyamuzalela umuntu. Umfowabo lona unomazucwana.

Nanamhlanjena amaNzama ayamazisa uGcugowa noMathukuza.

Naye uMathukuza isikhona inzalo yakhe kubo laba bakwa Nzama.

102

Kwakuthi kusabuswa kubulawe/izingwe zisiwe ku Masumi oyena waye yinduna enkulu kubusa uGcugowa kwa Nzama. Uyenake owayehlomela amaqhawe. Indodana yakhe namhlanjena iwumfundisi.

Kunjaloke ukubulawa kwabantu kwabenza bagwala zonke izinkalo nakwazulu abaningi abantu bashiya amakhaya bawelela esilungwini. Abanye baphenduka amazimu badla abanye kuthina nokufika kwaba mhlophe abantu bathutheleka esilungwini. Abanye abasawazi umnyobo wabo nokuthi bayisizwesini kabasa gondi. Kahle seabavama ukuthi bawuzlu bengeyena ugobo.

103

Ukuhlonipha kwa Ma Phephetho ama Vilakazi.

Inkosi: Inkosi yayi gabonwa muntu, ibithi noma ihamba iphuma ivinjelwe amadodana amaningi yona ibesemkhanhlwini wala madoda.

~~Nemayawala~~ Noma iyangaphandle yayi phahlwa iwona umhlandlu wama dodana. Kwakunehlathi eduzane nomuzi wenkosi lapho yayingena khona ihlale nebutho layo. Abanye abantu abayazi inkosi ukuthi injane. Uma sekusebasuku yayithola ithuba lokuhamba nabantu bayo ishawe umoya. Uma ifuna ukuhamba emini yayizenza umfokazana ukuze abantu bangaboni ukuthi iyona.

104

Uma ifuna ukukhuluma yayi kubikeka inceku konke akutswelekele ukuba kukhulunywe. Abantu babamane abanye babone izinduna bathi inkosi. Uma inkosi ibize umphakathi kwakuhlonishwa impela uma kuyiwa kuwona umuntu wayekhuleka esekude nesango lesibaya. Uyakuthi wona esengena ashoshe phansi ezikudula izikhali zakhe aye- hlale phansi azinze futhi uma ehlalaphansi. Kwakungekho umuntu okhulumayo uma izinduna sezikhuluma amazwi ashiwo inkosi. Kwakuthi noma kudingeka impendulu kulindelwe ukuba induna igcine ihlale phansi. ~~aha~~

105.

Inoda yayi ingaphenduli ihlezi phansi. / Umuntu owephula umthetho wenkosi wayebulawa. Uma sekuhleziwe esibayeni ku hlalwa ngobudala, ngamabutho ngokwelamana kwawo njalo. Izinduna nezinceku yizona zazi hlala ngase mnyango. Kuzakuthi amanye amadodana amancane ahlale emusamo. Nonke amabutho ayenganyelwa umuntu osemudala ukuwa khombisa inhlonipho ngisho nebutho lezinsizwa lalengavunyelwa induna isindala noma phela eyalo yabuntanga yayi bakhona. Nokuphendula kwa kuhamba ngalo uhla njalo. Abancane babengavunyelwa ukuphendula ngaphandle uma udaba lolu luqondene nabo. Inkosi yona kuzodame kuthunyelwa ku yona amaqondana/ukuyoyi bikela ukuthi sekunjena kokunye izinceku ziyinqume indaba. Inkosi isizobekelwa yizi ukuthi kugcine kanjani. Uma umuntu ozobulawa lalithethwa iyona inkosi esendlini. Noma kuphuma impi yayi ngavami ukubonakala. Kwathi musukwana uDingane ezoyehlula yabonakala kuthi yona eyoyi phaka impi. Kuthiwa inyanga yempi yasola/<sup>ko</sup>dwa engenakuthini isiphumile inkosi ngoba kwakuwumulisa omude omhlophe enesithunzi esikhulu. Kuthiwa yayiphaka laze layoshona lithena lithi ya yayiphuma nezinhlaleli sezizikhomba/eduze impi. Inkosi yayingabukwa uma amehlo enu le thuke ehlangana wena muntu wawa, khuleka. Uma inkosi yendlula amabutho ayevika ngezinhlangu. Kunjenga wo umdlunkulu wawu ngabekwa. Uma uqamuka umuntu ube beka phansi uze wendlule lapho. Uma uwubekile wawubulawa. Uma uwubone usekude ubucezuka endleleni ucashe uze wendlule lapho kande uvuke uhaba uye lapho uyakhona.

Umuntu ubengakhafuli uma kusebandla loko ukwethuka uya-hlawuliswa umuntu ofumaniswe enzaloku. Umuntu ubengawubemi ugwayi womulomo uma kukomkhulu ngoba uzothuke ebizwa isikhulu ukuzophungula utshwala bese enza amanyala. Nalowo muntu ubehlawuliswa umuntu ubehlawuliselwa inkosi kuphela. Umthetho owenkosi akuwona awomunye umuntu. Izinduna ezenkosi zisebenzela inkosi konke okwenkosi. Umuntu ubengakhulumi ohlomile, izinduku ubezibeka phansi bese uyakhuluma una abantu behlangana befuna ukukhuluma izinduku zazibekwa phansi. Kwakunga khulunywa kuhlonyelwene. Ngaphambi uma bebingelebana kuphela babeziphatha izinduka. Kodwa uma kungomkhulu izinceku zenkosi iduku ukuyihulisa phansi uma uzohlangana nayo. Uma uxawula umuntu ku xawulwa

813.

109

K13/21 32

ngazo zombili izandla. / Uma wemukela into wemukela ngazo-zombili.  
Uma ubonga uthi Phephetho nokungeyena owakwa Vilakazi uzosho njalo  
Kwakungabongwa ngolunye ulimi. Yingako izinhloli zakwezinye  
izizwe bezishesha ukubanjwa. Ngoba zihlulwa amasiko nomthetho  
wama Phephetho.

110

110

Eduze nomuzi wenkosi akwendlulwa kuhlonyiwe umuntu  
uyagega uma ehlo mile esigodlweni sekosi akuyiwa khona wayebualawa.  
Uma umuntu akashohingi nokudla kwenkosi kuphethe ngesandla uyabulawa  
uma enobiwe loyo. Indoda ayilwi nomuzi wayo uma kuqamuka inkosi  
iyabulawa uma ingadliwanga. / Owesifazane nenhlonipho ekhaya.  
Uma umuntu wesifazane esanda kucangusa akathethi ekhaya. Uma  
kwenzekile wafumaniswa ethetha uyahlawuliswa. Kuye kuhlawule uyise  
wakhe ekhaya. Kuba yena uyise obuyisela umntanakhe ekhaya emzini.  
Uma emgasa ehamba nenhlawulo. Uma umak ti eshadile akababizi  
ngamagana abase muzini uyabahlonipha bonke. Futhi umuntu  
wesifazane akayi endaweni kumnumzane icala lelo uyahlawula.

111

Umak ti akamushayi umntwana uma enakabelethi owakhe umntwana  
kulowo muzi. / Uma umakoti emxosha umntwana kwase kuqamuka ondala  
wabulowo muzi uyamuyeka uma kwenzekile wa muxosha esemubonile  
omdala uthola icala ahlawuliswe ngokweyisa umuzi womnumzane. Uma  
futhi ingane ibaleke yangena endlini ya ya ngasendaweni  
yomnumzane uyayiyeka umakoti leyongane. Umakoti akayidli inyama  
yasemuzini engaka nikwa indla kudla, namasi asemuzini  
akwadli engaka nikwa ukhezo. Omunye uye anikwe inkomo  
uma esenikwe ukhezo lolo. Inkukhu unamoti akayidli njalo  
njena. Umakoti uyahlonipha uma ezohamba kwabase muzini. Kwa

112

kuhlonishwa ngesikhamba sempunzi kwa Mphephetho. / Umakoti akangeni  
esebayeni sizinkomo uma esando eanguza  
kuye kuze avunyelwe ukuthi angangena esibayeni. Uma igakavu-  
nyelwa akangeni kuye kuthlangane amakhosikazi alowo muzi amaqhube  
umakoti ukuba angene esibayeni. Loku akukhet elwe. Amakhosikazi  
awanqamuli izinkomo uma zidla okhalweni. Uma owesifazane eye  
empileni akangeni esibayeni sezinkomo. Kunjengowesifazane  
ofelwe indoda yakhe akangeni esibayeni noma  
efumanisa izinkomo aka hambi phakathi kwazo-ayzuyazigegela uma  
owesifazane ifa efumanisa induku kuthiwa iyapheshe ukwophuka uma  
efumanisa indoda akayiqi owesifazane.

S.813. owesifazane nendoda ayimeqi owesifazane u ma <sup>K13/21</sup> kwenzekile loku 33  
~~109-113~~ kuthiwa indoda iyashesha ukufa, nokulimala uma ingafanga.

Owesifazane uma ekhuluma nomuntu wesilisa uhlalaphansi uma engaguqunga ngamadolo akhe phansi ukuhlonipha loko. Uma umuntu wesifazane ebizelwa utshwala noma okunye ukudla ebizwa umuntu wesilisa wamukela ngazo zombili izandla aguqe phansi bese uya bonga ko wesilisa.

Kuningi ukuhlonipha ngezizwe ngezizwe. Into eyayihlonipha kakhulu izingane. Ingane uma ibizwa umuntu omdala yayithi "baba" uma kuyindoda uma kuyinkosikazi athi "mama" njalo njena.

~~113~~ 114

Ixibonzo zeka Mphaphetho.

Ohlabana ngemukhonto wemuka wemuka kwasha izitshana neziziba,  
Owele muva, wawela ngesihlangu,  
Umaphiko phiko ozifulele akabonwa kwamunyama endlini.  
Uma felela umame wemuka,  
Ugweje obomvu ngiyame saba, inkomo ehlala yodwa emthonjaneni,  
Umthombo wengwavuma.

Ophumaphakathi kwezintaba ezimbili kumubuza omame, namadoda,  
Inkonkda ecela kwezinde iziziba ingacela kwezincane ziyasha.  
Umfishane undaba zinyathelwayo, Undaba zemithi akwaziwa

115

Hamba ngweje uyesabeka,  
Hamba ubaphumuze,  
Hamba silwane ngisebuka,  
Kače wabatshena  
Baleka naba ngweje obomvu  
Ubabuyisele ezindaweni zabo,  
Bafazi lalelani izindaba,  
Baqhube abafu uwele nabo,  
Baye ezweni elikude,  
Baye lapho inyama ingaziwa  
Inkunzi ethibela izinye zayesaba  
Izithibele phezulu obonjeni zahlehla.  
Othibe kwehla izinyembezi,  
Zaphuzwa amadoda odwa,  
Inkunzi ethibele amasela,  
Inkunzi ethibele amaqhawe,  
Inkunzi ethibele azizwe

116

Umbathatha bemyeka,  
 Bemcakula ngasokusa,  
 Esuka emsamo aye agcine ngeguma,  
 Umahamba uedwana,  
 Ekhaya kube kuthaza,  
 Onomavila bemfunga ngezindaba,  
 Umahamba ezihlambulala,  
 Uma hamba ezinikina,  
 Kuhle(hu) Kumadoda,  
 Wehla wenyuka Ngweje na?  
 umphipha zonke izikhukhula  
 Yewuka nabo Silo esebonvu,  
 Unawa ngenhloko eme ngomsilakazi nyamazaneni ema ngomsila  
 Umasiphula kwasha imifula, kuthena bemubuka  
 Wawela ngawo amazibuko,  
 Inyengelezi emnyama,  
 Kanti ibomvu siyayesaba,  
 Odumephezulu obonjeni,  
 Waduma ezihosheni zezintaba,  
 Waduma duma ngombongo emfudlaneni,  
 Kwase zenuthi zabeka phezulu,  
 Izimpande zenuthi zabeka phezulu,  
 117 Niwuzwile lowombongo,  
 Umbongo zulu Eladuma,  
 Emini Omame bemuka,  
 Onyoni ka'phumuli iphumuzwa ukulala,  
 Undlela ngeyazasaba  
 Undlela kaziqedwa  
 Owela ngawo wonke amazibuko  
 Ukukhala ngiyesaba,  
 Wabubula ngweje,  
 Ububule uzulu wanyakaza,  
 Wabubula izizwe zemuka,  
 Olandele imizila yamagwala,  
 Ohambe ngezindlela zonke.  
 Ohlale isililo amadoda emuka,

Owadla izinkomo zamaqhawe,  
 Wadla izinkomo zamavaka,  
 Wawela ngezintuba ezingonzo,  
 Iziziba zasha amanzi

118

Owacenta izindlela ezenile,  
 Waye wadundubala phezulu,  
 Wabashiya bemangele,  
 Ngimzwile oanye e memeza,  
 Uthi ubani lowo obanga umsindo na?  
 Kxanti kusho iqhamfuza lomkhamba ukunonophala,  
 Unhlijiyi igwele izimpethu nezibi,  
 Inkonko obobomvu,  
 Obubende bengwe uyesatshwa,  
 Odle izakwa kwa Ngwane,  
 Wadla ezabeSuthu,  
 Wadla ezamaSala,  
 Wadla ezamaThonga  
 Wagina ngezakwa Zulu  
 Afele endlini wahlabana,  
 Ohlabeni waye wama,  
 Wawa enkundleni,  
 Enkundleni yezinkomo  
 Kwashona ilanga Mphephetho.

119

Ama Phephetho nezinsuku zawo.

1810 Ukudabula kwesizwe samaPhephetho, umphephethoubaleka nonina  
 kwa Ngwane ngombango uya eNgwedo ne Ngwavuma Obonjeni.

1813 umphephetho untshontsha izinkomo zama Thonga ubale kanazo.

1815 Kwafika umulungu emuzini ka Mphephetho wela ePhuthukezi  
 wazalisa enye yamakhosikazi ka Mphephetho

1821 Ukuzalwa ku ka Na-di inkosazane okuthiwa yayi muhlophe  
 ifana nomlungu

1826 Umphephetho uthola abantu bakwa Jele/ka Mona bebaleka kwa  
 Zulu.

1830 uDingane ulwa noMphephetho kodwa wehlulwa uDingane ngoba

120.

ama Mphephetho angena emgedeni kanye nezinkomo

1832 Impi enkulu ka Dingane elwa namaPhephetho.

Impi yaso Bonjeni lapho ama Vilakazi aphelelwa isizwe sawo.

1834. Ukuhlakazeka kwanaPhephetho nombuso wawo waphela

1838 UMahlasela ka Zikhali uya zalwa, wazalelwa oTukela lapho sekwakhe khona amaThembu manjena.

1839 Ukufa kuka Zikhali indodana ka Mambana ka Ndlamhlaba.

1840 uDingane uyafa ubulawa amaSwazi indodana ka Mphaphetho uNdlamhlaba.

1862. uMahlasela uyabekwa induna yakwa Ndlela. NgYale sisikhathi wayesakhe kwelase nkunzi.

121 1863 uMkhulu unikwa umuzi (yinkosi yama Zulu uMpande. Yase yamuganisela futhi u Mkhulu.

1866 uMkhulu wabulawa angezi uMpande ephake impi ukuba iye ku hlasela kwa Ngwane eSwazini.

1871 uMahlasela wakha umuzi wakhe kwelase Khuphe, kulapho bakhala khona isililo saso bonjeni.

1877 uNdima indodanana ka Mkhulu ithatha isikhundla sikayise kwa Zulu sobuduna kubusa u Cetshwayo kwa Zulu.

1893 uHlomendlini ka Mahlasela wakha umuzi wakhe kwelaso Bonjeni kanye nonina uMayingaza ka Mkhunjini wakwa nene kwa Zulu.

1875 uMahlasela ka Zikhali wakha umuzi wakhe kwelase Dunnhauser

122 1815 Ngalonyaka kwafa uNdingunya inkosi yakwa Ngwane.

1828 Umbango wavela phakathi kwama Swazi. Waze wabaleka uSobuza waqonda ezweni laba Pedi. Uthe uma esebuya umfowabo uMagwegwe wa fa.

1836. uDingane inkosi yama Zulu wahlasela eSwazini

kodwa wehlulelaka ngoba amaSwazi afihla izinkomo nawo asecashu

1837 uDingane waphinda ukuhlasele Eswazini. Ngalonyaka waye landa izikono zakhe khona eswazini ezebiwa ama Swazi.

1840 uMswazi wabekwa<sup>wa</sup>/ba yinkosi yama Swazi kwase kungena nama Phephetho kuyena.

123 1874 ULondonga indodana ka Mswazi wafela kubo eNkanini engakabusi

1889 Ngalonya kwafa inkosi uMbadeni wafa naye engakabusi lutho wakweza eMbalane

1889 Ngalonyaka kwafa uBuni inkosi yama Swazi walandela yena uyise naye. Kuthe umva kwaloku kwase kubusa uSobusa wesibili.

ENO 813